

Nhlolanja 2017



Mhlobo othandekayo

Eminyakeni eminingi edlule bengiluleka abashadileyo nemindeni yabo. Ngitholile ukuthi imishado eminingi ibhekana nezinkinga bese kudingeka nje izwi lokukhuthaza ukuze konke kuhambe kahle, kudingeka amazwi azopholisa izinto ezenza umshado uphuke.

Njengoba siqhubeka sishintshela kuTWR Abesifazane Abanethemba, ilogo yethu ishintshile iveza indlela izinhliziyi zethu ezixhumana ngayo noNkulunkulu. Hezekiya 36: 26, sizwa uMprofethi esitshela ukuthi uNkulunkulu uzosusa inhliziyi eyitshe kithi asinike entsha”

Emshadweni, kwesinye isikhathi kungazwakala engathi sinezinhliziyi zamatshe omunye komunye. Umshado ophilile uthatha isikhathi ulungiselelwa. Umshado wakho usempini okungeyona eyalomhlaba. Kujwayelekile uma sihlangebazana nezinkinga emshadweni, siyaqala sibone esishade nabo beyizitha zethu. Kanjani, sikhona isitha sangempela, akuyena oshade naye noma abantwana bakho.

Khuthazeka namhlanje ukuthi awuwedwa enkingeni obhekana nayo emshadweni.

Khuthazeka ngoba uNkulunkulu uyakwazi odlula kukho futhi unawe ukukusiza.

Izimo azilula, kodwa uNkulunkulu akakude nawe ukuba ubalekele kuye akusize ngesikhathi senhlupheko (Amahubo 46: 1).

Ungayeki ukulwela umshado wakho. Qhubeka ukhuleke nabanye besifazane uphakamise zonke izimo obhekana nazo emshadweni. Nika uNkulunkulu ubuhlungu bakho nolaka lwakho, usizi nokungaxoleli. Ima isibindi uxoxele iqembu lomkhuleko konke obhekana nakho, ngakho bikela uNkulunkulu ngakho ukholwa ukuthi uyawuzwa umkhuleko wakho futhi useduze nenhliziyi eyaphukileyo (Amahubo 34:18). Hamba ukhululekile osizini nasolakeni, yenza uNkulunkulu abuse umshado nomndeni wakho.

Singabekezela ekukhulekeni. Siphakamisane izandla omunye nomunye sisakhala kuNkulunkulu ngemishado yethu nangemindeni yethu, sikholwa ukuthi sikhonza uNkulunkulu othanda imishado nemindeni yethu kulethe udumo lwegama lakhe ukuze nabanye bamazi uJesu.

Ungadangali! Bheka kuJesu, ungowakho nomshado wakho. Ngiyakukhulekela namuhla!

Kuye izinhliziyi zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Umqondisi Jikelele
Kumsebenzi kaHana